



Siyazi ukuthi indlovu inomboko omude.




Emandulo umboko wendlovu wawumfishane.
Wawubukeka kabi.




Kwazalwa inkonyane eyayithanda izinto.
Yayihlala inombuzo ngezinye izilwane.




Yahlangana nendlulamithi. “Kungani unentamo ende?”




Ngakusasa yahlangana nobhejane. “Kungani unophondo olucijile?”



Yaphinde yahlangana nemvubu. “Kungani unamehlo abomvu?”




Ngoba yayithanda izinto, yafuna ukwazi ngengwenya. Ngabe ingwenya idlani ngesidlo sakusihlwa?



“Ungalokothi ubuze umbuzo onjalo!” kusho umama wayo. Yahamba inyukubele.




Ngokushesha igwababa landizela phansi, lahlala eduze kwendlovu. Lathi, “Ngilandele siye emfuleni, uzobona-ke ukuthi ingwenya idlani kusihlwa.”



Nangempela indlovu yalandela igwababa.



Indlovu yazimpintsha yangena emhlangeni yama osebeni lomfula. Iphi ingwenya pho?



“Sawubona,” kusho itshe ngasosebeni lomfula. “Yebo,” kuphendula indlovu. “Ungangitshela ukuthi ingwenya idlani ngesidlo sakusihlwa?”



“Lalela-ke, goba ngizokutshela,” kuphendula itshe. “Goba futhi, futhi,” kuqhubeka itshe. Nangempela indlovu yehlela phansi yaze.”



“Ngqi!” Ikhala layo lase lise mhlathini wengwenya. “Helele! Izodla wena ingwenya ngesidlo sakusihlwa!” kutswininiza igwababa.




Indlovu yazabalaza ngemilenze yayo yangemuva eqinile, yadonsa, yadonsa, yadonsa. Ingwenya ayizange iyidedele. Ikhala lendlovu ladonseka, ladonseka, ladonseka. Dalakaxa! Yawa yashayeka ngomhlane odakeni.




Tshobe ingwenya emanzini. “Ngaze ngaphuthelwa ukudla okumnandi!”



Indlovu yabheka umboko wayo. “Maye! Ikhala lami leli, elide kangaka?”



Lalilide kangangoba lalikwazi ukufinyelela emagatsheni aphezulu esihlahleni.



Indlovu kwayisiza lokhu. Yayisikwazi ukuzigeza umhlane wayo ngamanzi uma ilanga lishisa.



Kusukela ngalelo langa, zonke izindlovu zinemiboko emide elusizo kuzona.

